



September 2015, Vol. 18, No.3

Uhlobo lomoba olutshalayo luxhumene kanjani nemihlabathi esepulazini lakho



Umhlabathi umlimi anawo epulazini lakhe awusoze washintsha, uma enohlobo olubizwa nge-Glenrosa angeke avuke kusasa esenohlobo olubizwa nge-Hutton emasimini. Umlimi angakwazi kodwa ukuthi asebenzise umhlabathi anawo ukuthola isivuno esihle, ngokuthi atshale uhlobo lomoba oluhabisana nomhlabathi wakhe.

Imali umlimi uyithola ngokuhambisa umoba okhule kahle nomuhle esigayweni, lokhu kwenzenka uma etshale uhlobo lomoba oluyilo okwenzenka uma umlimi eyazi imihlabathi anayo emasimini. Isivuno esiphezulu singatholakala uma umlimi ezihluphile wazi imihlabathi kanye nohlobo lomoba okumele alutshale. Abalimi bangathintana nabeluleki abaseduze nabo ukuze babasize ekuhlonzeni umhlabathi abanawo emasimini kanye nasekukhetheni uhlobo lomoba oluhabisana naleyo mihlabathi.

Kuleli tafula elingenzansi imiphumela yezibonelelo (Demonstration plots) eziMaphakathi nesiFundazwe (Midlands) lapho kwahlonzwa khona imihlabathi kwase kutshalwa izinhlobo ezimbili zomoba ukuze ziqhathaniswe kubhekwe ukuthi ilona luphi uhlobo oluphuma phambili:-

Ngokwemiphumela kuyacaca ukuthi uhlobo lomoba u-N48 luhula kahle uma uhlobo lomhlabathi kuyi-Sweetwater sikubona ngesivuno esiphezulu esitholakele ezindaweni ezine ezehlukene. Lemiphumela engenzansi ikubeka kucace ukubaluleka kokwazi imihlabathi esepulazini lakho ukuze ukhethe uhlobo lomoba oluyilo kunyuke isivuno.



Ibhaliwe ngu: William Gillespie



OKUQUKETHWE



Isomiso emobeni:- Izifundo zabalimi beziquke-the ulwazi olungasiza emobeni okhahlanyezwe isomiso.



Ukutshala :- asingatshali noma ngabe iyiphi imbewu ngoba singabulala amasimu ethu.



Impumelelo ngokubambisana: Abeluleki benze ezibukwayo kwinkomfa ye-SASAE.

Isibonelelo	Uhlobo lomhlabathi	Izinhlobo zomoba	Isivuno Amatani / ngehheka	Uhlobo olunconywayo
Ndlavaleni	Sweetwater	N12	N12: 151 tons	N12
		N37	N37: 114 tons	
Mabheleni	Nomanci	N12	N12: 130 tons	N37
		N37	N37: 128 tons	
Ekupholeni	Sweetwater	N47	N47: 108 tons	N48
		N48	N48: 132 tons	
Etsheni	Sweetwater	N12	N12: 134 tons	N48
		N48	N48: 170 tons	
Ndlavaleni	Sweetwater	N12	N12: 159 tons	N12
		N37	N37: 114 tons	
Mabheleni	Sweetwater	N12	N12: 125 tons	N48
		N48	N48: 130 tons	
Deda	Nomanci	N12	N12: 98 tons	N48
		N48	N48: 106 tons	
Mambedwini	Inanda	N12	N12: 86.7 tons	N51
		N51	N51: 127.9 tons	

Sibambisene kuningi okuzophumelela



Ibhalwe ngu: Sifiso Hlela
kanye noNqobile Nxumalo

Abeluleki bomnyango weZolimo ngokubambisana nabakwa-SASRI, abasemshini eyahlukene kanye nabakwa-SA CaneGrowers bahambele izifundamshini ezahlukene bethula izifundo ngoKUPHATHWA KOMOBA OKHAHLAMEZWE ISOMISO. Abalimi baphume ngobuningi babo bezocetshiswa ngezinto okumele baziqaphela nabangazenza emobeni okhahlamezekile.

Izihloko ezithintiwe:-

- Yini isomiso, kanti futhi umlimi wenze njani uma kuhlasele isomiso.
- Isihlava, uhlobo lomoba kanye nokufakwa kwe-sikhuthazi.
- Umoba omufushane nemililo emobeni.
- Ukusetshenziwa kwethuluzi i-Harvesting Break-even Matrix ekwenzeni isinqumo sokuthi uwuhlale noma uwudlulisele enkathini ezayo umoba.

Kwizihloko ezithintiwe sixohe:-

Ngesomiso sithekelelane ngokuthi siyinto ejwayelekile embonini kaShukela nokuthi sivamise ukubhidlanga eminyakeni emibili emva kweiyishiyagalolunye. Sibe sesibuka isimosaso lasibheke khona izinga lokushoda kwamanzi emadanyini nasemfuleni nokudale ukuthi omasipala bakhipe imiyalelo ngokusetshenziswa kwamanzi. Isimo semvula esitholakele eminyakeni emibili siphansi kakhulu kunesejwayelekile lokhu okusho ukushoda kwamanzi imboni yonke,

Siphinde sabuka nokungasiza umlimi ekuthatheni isinqumo ngomoba wakhe

Okubalulekile: Uma kubhidlange isomiso kuvamise ukuthi kufe ugoqo hhayi isinde inhloso enkulu ukuvikela umoba ongavikeleka kuphephe nesinde. Kubalulekile kakhulu ukuhlola amasimu sibheke nokuthi umoba ukhule kangakanani. Umzekelo uma ungathola 15-25tc/ha lowomoba ungakwazi ukukhokhela izindleka.

Kwizinhlobo zomoba ezikwazi ukumelelana kangcono nesomiso yizo esincome ukuthi abalimi abazotshala kabusha amasimu bazisebenzise njengoba isimo semvula sentuleka. Isib: ENingizimu neKwaZulu u-N27 umelelana kangcono nesomiso.

Sibuke nedlela umlimi angafaka ngayo isikhuthazi emva kwesomiso, lokhu kubonakala kwiTafula 1. Isizathu kungenzeka ukuthi kukhona imisoco esalile kwisivuno ebekhahlanyezwe isomiso. Kubalulekile umlimi awazi umhlabathi wakhe ngoba emva kwesomiso kumele ufafe isikhuthazi ngokomhlabathi wakho.

Qaphela: Isikhuthaza khaba, izimpande nesiqu singa lahleka ngokungefani okusho ukuthi kumele uzifake ngokwezilinganiso ezahlukene ulandela izincomo owawuzitholile uma zisengaphansi kwezinkathi ez-intathu uhlahlile.

Sivale ngokuqaphelisa abalimi ngengozi yemililo nangendlela yokwakha izitaki ngenkathi yesomiso. Lapho sithe kumele bashishe ngokucophelela ngoba umlilo ungasha ubuhanguhanguma kungaqikelelwa. Ngoba umoba omningi mufushane ngenxa yesomiso sibaqwashise ukuthi bangashiya ithophisi elithe xaxa ukuze kwakheke izitaki kufakwenofefe komajikeduze bese kwandiswa nezintambo (chains) uma kulayishwa.



(Abalimi bethamele izifundo ezindaweni ezahlukene)

iTafula 1. Indlela onganciphisa ngayo isikhuthazakhaba ukulandela isomiso.

Uhlobo lwenhlabathi	Isigaba somhlabathi sokusebenzisa isikhuthazakhaba	Indlela onganciphisa ngayo isikhuthazakhaba
Isihlabathi	1	0 - 15
Umhlabathi omuhle (Loam)	2	20 - 30
Umhlabathi onobumba (clay)/onemvunde (humic)	3 & 4	30 - 50

Ukuhambela kwabaluleki ezindaweni abalima ngakuso akusizi umlimi kuphela ngokuthi athole ulwazi kodwa kusiza nabeluleki ekutheni bazi ukuthi abalimi badinga luphi usizo. Bakhuthaziwe abalimi ukuthi baxhume nabeluleki abaseduze nabo ukuze basizakale ekwenzeni izinqumo eziyizo nezizothuthukisa amabhzinisi abo omoba. Lezifundo nezinye zokukhiqiza umoba onenzozo zisazoqhubeka njengoba isimiso sisabhidlangile nje. Sinxenxa abalimi baxhumane nozihlalo ukuze bathole ukuthi zizobe ziqhutshwa kuphi/nini.

Ukutshalwa Komoba Ngemumva Kwesomiso



Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo

Ukuguquguquka kwesimo sezulu kwenza indlela esiphila ngayo ibe nenguquko. Kanjalo nasemasimini ethu kuba noguquko eku-limeni kwethu nokuphatha amasimu. Njengamanje sihlaselwe isomiso, lokhu kwenza kube nzima ukuhlela umsebenzi wasema-simini ngendlela okuyiyo. Umlimi mhlawumbe uyazibuba ukuthi kwensiwa njani uma isomiso sesidlulile kodwa sekufike isikhathi sokutshala?

Njengoba sikhaza ukuthi ukukhiqiza umoba kuyibhizini, kumele konke okwenziwayo kuhlele kahle kusanesikhathi futhi kwensiwe ngendlela esemthethweni. Sizokhumbuzana ngendlela okuyiyo okumele ilandelwe uma kutshalwa umoba ngemumva kwesomiso. Lokhu sikwenzela ukuthi singalahlekela uma sesenza imisebenzi yethu eplazini kanti futhi phela asikho isikhathi sokwenza amaphutha ikakhulukazi uma kutshalwa.

Ngaphambi kokuba utshale, kumele ukhumbule lokhu okulandelayo: ukutshala kuyahluka ngokwezfunda, kuyahluka ngokwamazinga okushisa komhlabathi kuhlukene ngomswakamo osemhlabathini. Lokhu kukuvezela ukuthi kumele uzazi ukuthi ukuphi nezwe futhi kumele uwazi amasimu akho ukuthi anawo yini umswakamo nokufudumala okudingwa imbewu emhlabathini. Ungakhohlwa ukuthatha uphinde uthumele amasampula omhlabathi wasemasimini azotshalwa eSikhungweni soCwaningo LwezoMoba (SASRI) ukuze wazi ukuthi iyiphi imisoco edingekayo futhi yiluphi uhlolo lwembewu yomoba ozolutshala. Uma sewukwenzile lokhu nemiphumela seyibuyile, bheka ukuthi umswakamo nokufudumala okudingwa imbewu sekukhona bese uyaqala ukutshala.

Sizobuka ukuthi kutshalwa ngaziphi izikhati ngokuhluka kwezindawo:-

1. Esifundazweni saseMpumalanga kanye naseNyakatho nesifundazwe saKwaZulu Natali

- Ngenxa yokuthi kuyaniselwa kulezi zindawo futhi namazinga okushisa mahle cishe unyaka wonke, ukutshala kufanele kuqalwe ekuqaleni kwehlobo ukuze umoba uthole konke okudingayo ngesikhathi sokukhula (izimvula zasehlobo kanye nokushisa kwelanga). Ukutshala ngentwasahlobo nangekwindla kuhle ekuthibeni isifo sesiwumba kulezi zindawo.

2. Ezindaweni eziMaphakathi nesifundazwe saKwaZulu Natali

- Ngenxa yamazinga aphansi okushisa atholakala lapha, ukutshala kumele kwensiwe maphakathi noMandulo (September) noma ngoMfufu (October). Ukutshala ngekwindla ungakwenza uma izimo zikuvumela lokho.

3. Ogwini

- Ukutshala kungaqala ekuqaleni kukaNcwaba (August) kuze kuye ekupheleni kukaLwezi (November). Lokhu kwenzelwa ukuthi kuqambe kushaya uZibandlela (December) umoba ubesewumilile ukuze untagugulwa izimvula ezinamandla. Ziyaye zibe khona izimo ezingcina seziphoga umlimi ukuthi atshale ngoZibandlela (December) kuze kushaye uNdasa (March), ledlela asiyincomi kepha uma kunomswakamo nokufudumala okukahle, ungatshala ngalesi sikhathi. Ukutshala ekwindla kumele kugwenywe ngenxa yokuthi amazinga okushisa asuke ephansi nomswakamo umncane.

- Ukutshala ehlobo kumele kugwenywe ikakhulukazi kulezo zindawo eziqethukile/ezitshekile ngoba lokho kungadala ukuthi kuguguleke umhlabathi uma sekuna izimvula.



Qiniseka:- ukuthi imbewu otshala ngayo, imbewu ehloliwe ithimba leZifo neziNambuzane (Pest Disease & Variety Control Committee). Kumele uphinde ubheke nokuthi ivuthwa nini leyo mbewu. Kubalulekile nokwazi uhlolo lomhlabathi ozotshala kuwo, uphinde wazi nokuthi indawo ozotshala kuyo isesigodini noma entaben. Ubuhle bembewu bumqoka kakhulu, bheka ukuthi imbewu ayinazo yini izifo kanye nokuthi ayiyindala, lokhu kuzokugwemela izinkinga ezingaba khona ehlumeleni lakho. Kuzomele sikhumbule ukuthi ukutshala yiyona nto ebaluleke kakhulu kwezoLimo ngakho-ke asiqinisekise ukuthi yonke into yenzeka ngendlela okuyiyo ukuze umoba wethu usikhiqizele isivuno esiphezulu futhi esihle.

Amasu Asemqoka



Ibhalwe: Abeluleki bakwa-SASRI

Imboni kaShukela ikhahlameze isomiso yonkana, ngalesikhathi sesomiso izinqumo ezenziwa uma kuhlahlwa zibaluleke ukwedlula ezinye izikhathi. Indlela umlimi angaphatha ngayo amasimu akhe incike ekutheni umoba ukhahlamezeke kangakanani emasimini nonokuthu usaqhubeka nokukhahlamezeka. Uma umlimi enokungabaza angathintana nomeluleki oseduze naye ukuze athole usizo oluzokwenza kube lula ukwenza izinqumo eziyizo.

NgoMandulo (September)

- Ukungakhuli kahle komoba akusho ukutho nokhula alukhulanga kahle, kodwa kungenzeka ukuthi luhule ngamandla ngoba umoba awubhozanga. Futha izibulala-khula ezisebenza isikhathi eside uma ngabe umhlabathi usunomswakama owanele. Ukuze isitshalo sangonyaka ozayo sivikeleke ukhula kumele lubulawе lonke noma kunzima. Qinisekisa ukuthi unabasebenzi abanele abazokwenza lomsebenzi ngokushesha uma isimo sesivuma.
- Umlii uma sekubuya imiphumela yamasampula omhlabathi yawowonke amasimu, kumele afake isikhuthazi ngokwezincomo ikakhulukazi ngoba bekunesomiso kungenzeka ukuthi izikali zehle kakhulu. Ukufaka isikhuthazi esiyiso nesikali esifanele kubaluleke kakhulu abalimi kumele baqinisekise kuthi abasebenzi baqeqeshekile ukwenza lomsebenzi. Thintana nomeluleki ukuze akucebise ekutheni kumele usinyuse noma usehlise isikali sesikhuthazi nanokuthi kumele usifake sonke um'kanye noma usihlukanise ngoba izimvula zisashoda.
- Kulonyaka imbewu ehloliwe enhle ngeke ize ibe ningi. Umangabe awukasithu-meli isicelo sembewu ungahele uzithole usenkingeni ugcine ungayitholi nhlobo. Abalimi bangatshali ngembewu engahloliwe yagunyazwa abeZifo neziNambuzane ngoba bangalahlekelwa kakhulu kunakuqala. Abalimi kumele bayohlola imbewu lapho bayi ode khona ukuze babone ukuthi ikulungele yini ukutshalwa, izohluma/qhuma nanokuthi ibihlolwa ngabeZifo neziNambuzane. Ukutshala kabusha kuyabiza ngakho umlimi kumele athole akukhokhele.



NgoMfumfu (October)

- Emasimini afuthwe ngezibulala-khula bheka lezozindawo ezinotshani obenabayo uzbekise kahle. Amasimu abefuthwe ngenyanga ephelile kumele ahlolwe ukuze ubone uma isibulala-khula sakho singalubulalanga lonke ukhula. Ukuze ungamoshi imali nesibulala-khula futha ukhethe amabala.
- Ukhula kumele lususwe lonke ikakhulukazi emobeni ozodluliselwa kwinkathi yokuhlahla elandelayo.
- Emasimini akho azodluliselwa kwinkathi ezayo hlolela isihlava nokuthi umonakalo ungakanani es-iqwini. Umangabe ubungako besihlava busemazingeni avumelekile endaweni nomoba ubukeka usengakhula kahle umlimi kungenzeka kudingke afuthe isibulala-zinambuzane ukuze isihlava singabe sisanda siphinde sikhahla-meze umoba.
- Hlolela ubumuncu bomoba (Sour rot) uma amazinga ephezulu uhlahle ngokushesha ungaze umoba wonakale kakhulu.



NgoLwezi (November)

- Lawo masimu atshalwe uhlobo lomoba oluvamise ukuhlaselwa umabalabala (mosaic) kumelwe aqashelwe abhekisiswe. Izisinde/xhanti ezihlaselwe isiwumba (smut) kumele zikhishwe. Ungatshali phakathi kuka Lwezi (November) no Nhlonja (February) ukuze ugweme isifo umabalabala kulezo zindawo esiyinkinga kakhulu khona.
- Amabhade nemincele yamasimu kumele isikwe kahle igcinwe ihlanzekile, lokhu kuzosiza ekutheni izifo, iz-inambuzane kanye nemililo ingazichanaseli ensimini isuka ngaphandle kwensimu.



NgoZibandlela (December)

- Abasebenzi bazobe besemaholidini kusezandleni zakho mlimi ukuthi uqinisekise ukuthi abasebenzi bahamba yonke imisebenzi okumele yeziwe sebeyenzile.
- Amasampula amaqqabunga kumele athathwe ehlolo kuze ubone ukuthi isitshala siyayithola imisoco noma kumele wengeze isikhuthazi.



Impumelelo yabeluleki bezolimo lomoba kwInkomfa ye-SASAE



- Abeluleki beSikhungo soCwaningo Lwezemoba (SASRI) benze ezbukwayo kwinkomfa yabeluleki baseNingizimu Afrika i-SASAE (South African Society for Agricultural Extension) ebisesifundazweni saseMpumalanga endaweni i-White River bezitapela izindondo. Ukusebenziana kahle nabalimi kubahlomulisile ngoba bakwazi ukwabellana nabanye abeluleki ngomsebenzi wabo oyimpumelelo.
- U-William Gillespie ongumeluleki wabalimi baMaphakathi nesiFundazwe uzuze umklomelo wephepha ebelivelele kunawo wonke ebelishloko sithi "UKUSEBENZA KWEZINDIMA EZIYISIBONELO". Kanti isiqephu senkomfa sihambe no-Patrick Ngcobo wabalimi baseNingizimu noGu ebelishloko sithi "UKUSETSHENZISWA KWEZIVUTHWISI ZOMOBA OPHONGOLO", ebebambisene noSifiso Hlela wabalimi base Ningizimu neKwaZulu, uNosipho Qwabe (SACGA), uMusiwa Mahafha (DARD) noBheki Motsa (TSB).
- Lokhu kukhombise intshisekelo abanayo ngokusiza abalimi ukubahlomisa ngolwazi olutholakala eSikhungweni soCwaningo LwezoMoba. Siyabahalalalisela sethembe nabalimi bayaluthakasela ulwazi abaluthola kubeluleki babo.

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela, Joe Nkala, Patrick Ngcobo

& Sagie Doorsamy (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za